
# Umbhejana kaJoseph wokushushuzela ingane

Ibhalwe nguJude Daly

Ihunyushwe nguBusisiwe Pakade

Imidwebo yenziwe nguMagriet Brink



Lapho sekusele izinsuku ezimbalwa ngaphambi kokuba kuzalwe uSisi, isiphepho esikhulu sawisa isihlahla esidala somsonti, okwakungathi, sase sime emzini lowo kusukela endulo. Ukulahlekelwa okunje bakuzwa bonke abantu. Izingane zazingeke ziphinde zishwibeke emagatsheni aso kanti nabantu babengeke besahlala ngaphansi komthunzi waso omahwalahwala.



Kodwa uyise kaSisi, uJoseph, wayezimisele ngokuthi abantu bangakhohlwa yilesi sihlahla esidala, ngakho wabaza umbhejana wokushushuzela umntwana ngokhuni lwaso oluhle.




Lapho esezelwe uSisi, kwakuyilo mbhejana lapho ayelaliswa khona, ashushuzelwe ukuze alale ngomlolozelo wase-Afrika othi, *"Thula thula, Thula mntwana, Thula sana"*.



ISIZULU

www.nalibali.org www.nalibali.mobi nalibaliSA @nalibaliSA

Kuqala ngendaba exoxwayo...

4



Kungekudala, uSisi wakhula wangabe esenela kulo mbhejana, wase udluliselwa kumakhelwane owayezowusebenzisela usana lwakhe. Kwaba ukuqala kwenqubo eyayisizolandelwa. Usana ngalunye oluzelwe kulo muzi lwalulaliswa embhejaneni kaJoseph. Ngokukhulu ukucophelela, wayengeza igama losana ohlwini olukhulayo oluqoshwe emaceleni awo.

5



Kwathi lapho umbhejana lo usunamagama ayikhulu kuwo noJoseph eseyikhehla, kwaba khona umlilo wamadlelo owawubhebhethekiswa umoya omkhulu, owabeka umuzi engozini. Amadoda azama ukucima amalangabi ngesikhathi abafazi bethatha zonke izingane kanye nabantu abadala beyobabeka endaweni ephephile. Bathathwa bonke ngaphandle kukaJoseph; kwase kwedlule isikhathi lapho befinyelela kuye. Ukushona kwakhe kwaphatha kabi wonke umuntu.

Njengoba babenza abantu bonke emuzini lo, uSisi wachitha isikhathi sakhe akha kabusha, elungisa futhi esusa ukungcola ngemva komlilo. Ngakho kwedlula isikhathi eside ngaphambi kokuba acabange ngombhejana kayise. Ngabe ukuphi? Ngabe uyasetshenziswa? Kodwa kwakungekho muntu owawukuye emzini lowo. Okwakudabukisa ukuthi kwakungenzeka ukuthi nawo wawushe emlilweni. Umzukulu kaSisi, owayezozalwa ngenyanga egcwele elandelayo, wayengeke esalala kuwo.








Kodwa, emzini ababakhelene nawo, indodana kaThemba encane yayikhula ngamandla. Yayingaseneli embhejaneni uThemba ayeke walala kuwo. Ngakho, wayishushuzela indodana yakhe yalala kuwo okokugcina. Wayemsizile uJoseph ngokumvumela ukuthi athathe umbhejana lowo awususe kulo muzi. Manje kwase kuyisikhathi sokuwubuyisela emuva.



www.nalibali.org www.nalibali.mobi nalibaliSA @nalibaliSA

Kuqala ngendaba exoxwayo...

8




Ngakusasa, kwakikizwa nabantu bagida, lapho uThemba ebuyisela umbhejana lo kulo muzi nakuSisi. Ezinhlangothini zawo, kwase kukhona amagama abantwana ayikhulu nomuvo, kanti ngasekhanda lawo kwakuqoshwe ngokucophelela, igama elilodwa nje kuphela … elithi: Joseph.

9



Ngalobo busuku uSisi wama wabuka ngesikhathi inyanga eyayisicishe igcwale iphakama esibhakabhakeni. Esikhathini esingengakanani umntwana ongumzukulu wokuqala kaJoseph, wayezoshushuzelwa ngomlolozelo wase-Afrika kulowo mbhejana omuhle owenziwe ngomsonti. *"Thula thula, Thula mntwana, Thula sana."*